# Story Study Facilitator Resource Pack: Lara the Ladybird

**Imiyalelo kaThisha:** zifundele lezigaba ezilandelayo ngaphambili kwokuba nenkulume ngemibuzo nabantwana. Lokhu kuzokusiza ukuthi imibuzo uyibuze ngokuzethemba, nokuthi lemibuzo uyisebenzise njengamathuluzi okusiza abantwana bathole ukuthi kwenzekalani endatsheni nokuthi eziphi izifundo abangazithola kuyona. Ngokubuza imibuzo nokuthi abantwana baqhamuke nezimpendulo, ukufunda kwabo kuzobamnandi futhi kube yimpumelelo ngaphezulu kwokuthi uvele ubanike zonke izimpendulo. Uma beba nobunzima ekutholeni izimpendulo eziqinile, sebenzisa lezigaba ezilandelayo ukubasiza bagxile endleleni efanele.

## Indaba ifinqiwe

ULara uzalwa enezimpiko eziphuzi, kodwa bonke abanye omaqhulwane banezimpiko ezibomvu. Noma kunjalo, bonke abantu babezithanda izimpiko zikaLara eziphuzi, kuwukuthi nje ufuna ukuhambisana neningi afane nabanye. Ngesikhathi umakaLara emupenda izimpiko zikaLara zibe bomvu ngoba ethi uyamujabulisa, akabangakhona umuntu obekwazi ukumbona, kungakho bavele bamziba. Hlanganyela noLara njengoba efunda isifundiso esibalulekile sokunethezeka emzimbeni wakho nokubaluleka kokwehluka.

## Izingqikithi ezisemqoka

- **<u>Ingqikithi esemqoka #1:</u>** Lendaba ikhuluma nabantwana okungenzeka ukuthi bazizwa behlukile kunontanga babo - noma abazizwa beyingxenye yesixuku - ngokubasiza ukuthokozela ukwehluka kwabo. Kodwa futhi iphinde ibafundise ukuthi akufanele babenendaba uma umuntu ehlukile kunabo. Eqinisweni izinto esihluke ngazo ezenza umhlaba ube yindawo ehenha futhi emnandi ukuhlala kuyo.
- **<u>Ingqikithi esemqoka #2:</u>** Emunye umyalezo obalulekile kulendaba ukuthi uLara ufunda ukubaluleka kokuzithanda ngalendlela ayiyona – akekho umuntu ongenasici, futhi akekho umuntu othanda yonke indlela abukeka ngayo. ukuze sijabule kufanele sifunde ukuzithanda ngendlela esiyiyona. Kufanele sizame ukukhula kodwa asikwazi asikwazi ukuhlezi sizikhathaza ngokungabi nasici noma nokungafani nabanye. Sonke sibahle ngalendlela esiyiyona, sidinga ukwenza umsebenzi ongcono ekuboneni lokho.
- **<u>Ingqikithi esemqoka #3:</u>** Indaba ingaphinde isisze ukucabanga ngesifundo esibalulekile njengoba sibhekene ne COVID-19. Njengoba uLara kufanele amukele indlela abukeka ngayo, nathi kufanele sifunde ukwenza okufanayo mayelana "nendlela entsha yempilo". Sidinga ukuhlala sinethemba futhi sithokozele umhlaba omuhle esihlala kuwona. Noma izinto eziningi kungenzeka zibe zimbi kakhulu isikhashana, sinenhlanhla thina ukuthi sibhekane nalesimo endaweni esemakhaya lapho kunendawo eningi yokuba ngaphandle sijabulele umoya. Abaningi bethu akukona okokuqala sibhekana nobunzima kungakho sazi ukuthi singakwazi ukumelana nabo. Sindinga ukuhlala siqaphile bese siyazivikela kulesifo (ikakhulukazi njengoba ukubhebhetheka kwaleligcikwane ezweni lethu kuqhubeka ngezinga elimangazayo), kodwa kufanele sihlale sinethemba futhi sithokozele ukuthi siyaphila nje.

## Okuqukethwe

- Funda indaba
- Imibuzo ngxoxo nezihloko
- Umsebenzi wokufunda 1: Yakha ikhadi lomuntu okhethekile
- Umsebenzi wokufunda 2: Okwakhiwa kwekhasi olithandayo
- Umsebenzi wokufunda 3: Umdlalo wokukhumbula wamakhadi
- Umsebenzi wokufunda 4: Umdwebo wakho uqobo (ukwehluka)

- Umsebenzi wokufunda 5: Inkohliso yokujikeleza
- Umsebenzi wokufunda 6: Ukuzingela izinambuzane

## Funda indaba

Ngaphambi kokuba ufunde incwadi, bheka ingaphandle layo ubese uyabuza abantwana ukuthi mabecabanga indaba ikhuluma ngani. Nanka amathiphu angakusiza ukuhlahla indlela ngaphambi, phakathi nendawo, nangemuva kokufunda incwadi:

- Banike isikhathi esanele sokusho abakucabangayo nabakuzwayo.
- Funda amagama ube ubakhombisa abantwana okwenzakayo ikhasi ngalinye.
- Chitha isikhathi ekhasini ngalinye bese uyachaza ukuthi kwenzekani.
- Buza imibuzo kwenzekayo esithombeni ngasinye.
- Uma usuqedile ukufunda, Buza abantwana ukuthi yini abayithandile ngendaba.
- Buza eminya yalemibuzo engezansi (khetha imibuzo ebukeka ihambisana nabantwana onabo).
- Qiniseka ukuthi **wonke umuntu** oyalithola ithuba lokubuza nokuphendula imibuzo. Ungavumeli Labantwana asebekhulile abanomsindo nabazethembayo abenze yonke into.

## Imibuzo ngxoxo nezihloko

**Imibuzo yokuqondisisa ongayibuza abantwana- Lemibuzo yakhelwe ukubona ukuthi abantwana bayiqondile yin indaba:**

- Ingabe abangani baka Lara bayazithanda yini izimpiko zakhe eziphuzi? Zikwazi kanjani lokhu Ingabe bazichaza kanjani izimpiko zika Lara?
- Ingabe uLara uyena yedwa umaqhulwane ohlukile esikoleni sakhe?  ubani omunye unkosazana Miya amuchaza njengohlukile? Ingabe yini ehlukile ngalabomaqhulwane?
- Ekugcineni kwencwadi emiphi imibala uLara acabanga ukupenda izimpiko zakhe ngayo?
- Ubani openda izimpiko zika Lara zibe bomvu?
- Ingabe uLara uhlangana obani endleleni yakhe eya esikoleni?
- Zinnjani umbala izimpiko zika mama kaLara?
- ULara uwukhipha kanjani upende ezimpikweni zakhe?
- Yini uLara ayipenda ezimpikweni zakhe ekugcineni kwendaba?

**Imibuzo ngxoxo ongayibuza abantwana – Lemibuzo yakhelwe ukusiza abantwana bacabange bucayi noma ngokwehlukile ngendaba bese beqhamuka nawabo amacebo nemibono:**

- Incwadi ithi "wonke umuntu wayezithanda izimpiko zikaLara eziphuzi "futhi "esikoleni wayedlala nabangani abaningi". Kungani pho uLara engajabulile?
- Kungani uLara ezizwa ehlukile kunabanye omaqhulwane? Ubonakala efuna ukudela ukwehluka nokubaluleka kwakhe ukuze abe yingxenye yomhlambi. Kungani kubalulekile ukuzizwa uyingxenye?
- Wonke umuntu endabeni ubonakala emthakasela uLara noma kona ehlukile, ingabe nasempilweni kuhlezi kunje? Yin edala sibuye sibe nonya ebantwini abehlukile?
- Kungani umama kaLara emupenda izimpiko zakhe zibe bomvu? Uma ucabanga umama kaLara wayecabanga ukuthi kuzokwenzekani uma esezipendile izimpiko zika Lara? Umaucabanga lokhu kwakuwukuba umzali okahle? Kungani usho njalo? Wena wawuzokwenzenjani ukube uLara kwakungumntwana wakho?
- Kungani abantu bengamubingeleli uLara ngesikhathi efika nezimpiko ezipendwe ngokubomvu? Ingabe bazama ukumeyisa? Kungenzeka yini ukuthi babe ngabamuboni nje?

- Lendaba ingasisiza kanjani ukucabanga ngabantu abayiziphiwo? Ingabe sihlezi sibathakasela abantu abayibala elehlukile njengoba umphakathi kaLara wenza?
- Abanyu abaningi babona izimpiko zikaLara zizinhle futhi zikhethekile kodwa yena akaboni kanjalo (noma sithi yena akaboni kanjalo ekuqaleni kwendaba). Lendaba ingasisiza kanjani ukucabanga ngesisho esithi "utshani bohlezi buluhlaza ngaphesheya?"
- Esiphi isifunda uLara asifundayo ekupheleni kwendaba? Ukubona kanjani lokhu? Esiphi iseluleko unkosazana Maya asinika uLara esenza atshintshe ukucabanga kwakhe ngezimpiko zakhe ezehlukile?
- uLara uthatha isinqumo sokungaphinde apende izimpiko zakhe ngaphandle uma edlala. Kungani uLara ebeka lombandela ngokupenda izimpiko zakhe? Yini umehluko ekufakeni umbala ngoba edlala nangendlela uLara enza nayo ekuqaleni kwendaba? Kungani indaba iphela uLara ependa izimpiko zake zibe nezinkanyezi nothingo? Lokhu kuwuqinisa kanjani umyalezo wokubaluleka kokwehluka?

## Umsbenzi 1: Ukwenza amakhadi omuntu okhethekile

- **ozokudinga:**
  - Amaphepha amabili
  - Amakhrayoni/ Upende
  - Izinto eziyimvelo (inhlabathi, izinti, amagobolondo, njll) isikelo
  - Ipeni lomsizi
  - Irabha

**Umsebenzi:** Umntwana akahlanganise izinto azitholile bese ezisebenzisa ukwakha ikhadi lelunga lomndeni elikhethekile kubona.

## Umsebenzi 2: Ukwakha ikhasi olithandayo encwadiniFavourite

- **Ozokudinga:**
  - Amaphepha ambalwa
  - Amakhrayoni /amapeni ayimibala
  - Ipeni lomsizi
  - Imakha

**Umsebenzi:** Nikeza umntwana ngamunye phepha namakhrayoni. Abahambe bayengaphandle bathole ukwakheka okuzwakala ngokuhlukana. Uma sebewatholile kufanele babeke iphapha phezu kwawo bese beyakhrayona iphepha. Bagqugquzele ukuthi bathole ukwakheka okuhlukene kaningi. Uma abantwana sebegcwalisile amaphepha abo ngokuwakhiwe ngokuhluka, biza bonke abantwana babuye namaphepha abo. Chaza ukuthi izithombe ezisencwadini zakhiwe ngemicu yamaphepha enezakhiwo ezingafani. Amaphepha abese ayasikwa noma adatshulwa aba bobunjwa bese eyahlanganiswa ukwenza izithombe. Bese okuningiliziwe kuyapendwa. Ngokusebenzisa iphepha lezakhiwo olenzile, yakha ikhasi olithandayo encwadini noma isigcawu osithandayo ephepheni eliwu A4.

## Umsebenzi 3: Umdlalo wokukhumbula wamakhadi

- **Ozokudinga:**
  - Amakhophi omaqhulwane
  - Amakhrayoni
  - Ucezu lukakhalibhodi

- Iglu
- Isikelo

**Umsebenzi:**

*Yakha amakhadiMake:* Nikeza umntwana ngamunye amakhophi amabili ekhasi elinezinambuzane. Abalikhrayone lamakhasi womabili afane ncamashi (uma omaqhulwane ababili abanamacashazi baluhlaza satshani nalaba abakwelinye iphepha ababe luhlaza satshani). Kungenzeka kudingeke ubasize abantwana ukuqinisekisa ukuthi amakhasi ayafana ncamashi, noma bavele basebenzise umbala owodwa kuyona yonke into ukwenza izinto zibelula. Uma womabili amakhasi esekhrayoniwe, wanamathisele kukhalibhodi. Uma sowuqedile sika ukhalibhodi kabili ukuze ucezu ngalinye libe nesithombe esisodwa. Manje usunawoamakhadi owadingayo ukudlala lomdlalo.

*Dlala umdlalo:* abantwana abawaxube amakhadi bese bawabeke abheke phansi ikhadi ngalinye. Bese boka bahola ithuba lokucosha amakhadi amabili ngethemba lokuthi bazothola afanayo(amabili). Uma umntwana ecoshe amakhadi amabili afanayo, uyawagcina. Uma engafani umntwana kufanele awaphindise lapho ewathahte khona. Abantwana abatshitshane kuze kuzothalake amakhadi afanayo. Lowo othole amakhadi amaningi afanayo uyena onqobe lomdlalo.

## Umsebenzi 4: Umdwebo wakho uqobo (ukwehluka)

- **ozokudinga:**
  - Iphepha
  - Amakhrayoni noma amapeni eyimibala
  - Ipeni lomsizi (awezingane ezindala)
  - Irabha (uma uthanda)
  - Amakhrayoni

**Umsebenzi:** abantwana abazidwebe bona bese bezihlobisa ngendlela ezoveza ukwehluka kwabo.

## Umsebenzi 5: Inkohliso yokujikeleza

- **Ozokudinga:**
  - Ikhophi yenkohliso ejikelezayo
  - Ucezu likakhalibhodi
  - Amakhrayoni noma amapeni ayimbala
  - Imali (R5 or R2)
  - Iglu
  - Isikelo

**Umsebenzi:**

*Yakha ithophu ejikelezayo:* abantwana abakhrayone isilingiso ositholile, bese uyinamathisela kukhalibhodi oqinile (ukhalibhodi ongagobi futhi onamaleya amabili usebenza kangcono). Uma sowomile, siza abantwana ukusika indilinga bese wenza umqhewu omncane maphakathi lapho uzofaka khona u R5 noma uR2 (ungawenzi umqhewu ubemkhulu; ufuna ingene kahle). Faka imali maphakathi nendawo ngendlela yokuthi ivele macala womabili).

*Dlala ngethophu yakho ejikelezayo:*Yalela abantwana ukuthi abajikelezise ithophu yabo ngokuyijikisa phakathi kukasithupha nomunwe wokukhomba , lokhu kuzokwenza ithophu ijikeleze. Nikeza abantwana ithuba lokwenza ithophu yabo ijikeleze. Imani kancane ubese nikhuluma ngokuthi kwenzekani bese uyabadedela baqhubeke nokujikelezisa bajabule. Uma abantwana bekhombisa isasasa ungabadedela

bazihlolele ezabo izinhlobo zezinto ezijikelezayo ubone ukthi yini abangaqhamuka nayo. Ningaba ngisho nanomncintiswano wokubona kuthi ekabani engajikeleza isikhathi eside!

## Umsebenzi 6: Ukuzingela izinambuzane

**Umsebenzi:** Phumela ngaphandle nabantwana bakho bese nibheka izindawo labo nicabanga ukuthi imindeni yeznambuzane ihlala khona (ingadi indawo enhle ongayibheka). Uma ningabatholi omaqhulwane, ingabe zikhona ezinye izindawo zezinambuzane ozitholayo? Siza abantwana bacabange ukuthi bangazitholaphi izinambuzane (ngaphandle kukadoti). Bavumele bajabule ngokuhlola bebe befunda ngemvelo. Uma seniyihlolile indawo yenu ngethemba nazithola nezinmbuzane, buza abantwana mimbuzo ngabakutholile. Nazi izibonelo zemibuzo ongayibuza:

- Eziphi izindawo zokuhlala ozitholile? Ingabe kube lula noma nzima ukuthola omaqhulwane endaweni yakho?
- Ingabe nithole hlobo luni lwezinambuzane?
- Bezikephi nendawo?
- Ucabanga ukuthi kungani lezinambuzane zikhethe leyo ndawo?
- Ingabe izinambuzane eznizitholile ziyingozi? Kungani usho njalo?
- Yini abayithandile nabangiyithandanga ngezinambuzane abazitholile?

---

*Thanda is a non-profit organisation based in rural Mtwalume, KwaZulu Natal South Africa. Our curriculum is made up of activities that we have developed over 12 years. The ideas and inspiration for our activities come from is a wonderful combination of educators, books, websites, YouTubers, and other places and people on the internet. We are very grateful for all of them. Where we use ideas or activities directly from a source, we always endeavour to give credit to the creator. We do not endeavour to profit from these story studies, we only wish to add value to the lives of people we may have the opportunity of crossing paths with.*

| www.thanda.org | info@thanda.org |

---

